# IziNtshumayelo zokuSebenzelana ekuZwaneni

## 01/2013 Intshumayelo ngesonto 1 esikathini seAdvente, ngomhla ka 02. 12. 2012

## *Egameni likaNkulunkulu onguYise, neNdodana, noMoya oNgcwele.*

1. Iculo 31/34

2. **Umkhuleko:** Nkulunkulu, Nkosi ethandekayo, mawusivuselele ukukwamukela ngokukholwa, fa uza ukuzivakashela ngezwi lakho nangamasakramente eNdodana yakho ukuba sifunyanwe sizilungisele ukwamukela iNdodana yakho ngokuthokoza okukhulu, uma usobuwa ukwahlulela abasahamba70 nabafileyo, sihlale sikubonga njalo, sikhonze kuwe ngenhliziyo ehlanzekileyo ngayyo iNdodana yakho uJesu Kristu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

3. Iphistola ngohlelo lwesibili lilotshiwe kwabaseRoma 13:8-14;

   Ivangeli ngohlelo lokuqala lilotshiwe kuMathewu 21:1-9.

4. Isivumo senkolo: Ngiyakholwa nguNkulunkulu uYise ...

5. Iculo 34/37

6. Umkhuleko wakhe ofundayo intshumayelo

**7. Ivangeli** ngohlelo lwesihlanu lilotshiwe kuLuka 1:67-79, lithi: "UZakariya uyise wacgwala uMoya oNgcwele, waprofetha wathi: Mayibongwe iNkosi, uNkulunkulu kaIsrayeli, ngokuba ibahambele abantu bayo, yabenzela inkululeko. Yasivusela uphondo lwensindiso endlini kaDavide inceku yayo, njengalokho yakhuluma ngomlomo wabaprofethi bayo abangcwele basendulo, insindiso ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo, ukwenzela okhokho bethu isihawu nokukhumbula isivumelwano sayo esingcwele, isifungo eyasifunga kubaba uAbrahama, ukusinika ukuba sithi sikhululiwe esandleni sezitha zethu, siyikhonze singenakwesaba ngobungcwele nangokulunga phambi kwayo zonke izinsuku zethu. Nawe-ke umntwana, uyakuthiwa umprofethi woPhezukonke, ngokuba uyakuhamba phambi kweNkosi ukulungisa izindlela zayo ukunika abantu bayo ukuyazi insindiso ngokuthethelelwa kwezono zabo, ngemisesane yesihawu sikaNkulunkulu wethu esizakuhanjelwa ngayo ngukusa kwaphezulu, ukubakhanyisela abahlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa nokuqondisa izinyawo zethu endleleni yokuthula." Amen.

**8. Intshumayelo:** Bathandekayo eNkosini yethu uJesu Kristu, uZakariya, uyise kaJohane uMbhapathizi, njengokusho kwentumiso yakhe yokubonga ukuzalwa kwendodana yakhe, waqhutshwa nguMoya oNgcwele ukuseluleka namuhla ekuqaleni kwesikhathi seAdvente, wathi: “Mayibongwe iNkosi, uNkulunkulu kaIsrayeli, ngokuba ibahambele abantu bayo, yabenzela inkululeko.” Ngalentumiso yokubonga kuyathintwa okuthathu okwakho uNkulunkulu ohambela isizwe sakhe ngakho. Usihambela ngokusithuma kuso

1. abaprofethi beTestamente elidala;

2. neNdodana yakhe;

3. nabashumayeli bezwi lakhe.

1. INkosi, uNkulunkulu ihambele isizwe sayo ngokuthuma kuso abaprofethi beTestamente elidala, kuqala ekuqaleni impela, aze a thume uJohane, uMbhapathizi. Yikho okokuqala kwentumiso yokubonga kukaZakariya, ngokuba siyezwa kuyo ukuthi: "INkosi, uNkulunkulu kaIsrayeli ... ibahambele abantu bayo, yabenzela inkululeko. Yasivusela uphondo lwensindiso endlini kaDavide inceku yayo, **njengalokho yakhuluma ngomlomo wabaprofethi bayo abangcwele basendulo**, insindiso ezitheni zethu nasesandleni sabo bonke abasizondayo, ukwenzela okhokho bethu isihawu nokukhumbula isivumelwano sayo esingcwele, isifungo eyasifunga kubaba uAbrahama." Kwenzeka ukuba sithinte okuthile kuphela ngakho okukhulunyiwe ngabarpfoethi bakaNkulunkulu, kuqala esikhathi sasendulo ukuqinisa okuphawulwayo ngentumiso kaZakariya. Ensimini yaseEtene uAdamu noEfa sebezwile mandulo ukuthi uNkulunkulu wakhuluma nenyoka endala ngokuthembisa umntwana wowesifazane othenjisiweyo ukuza emhlabeni ukuchoboza ikhanda lenyoka. UAborahama, noIsaka, noJakobe bezwile emlonyeni weNkosi ukuthi ngomntwana ozovela emndenini wakubo yonke imindeni izobusiswa ngenxa yakhe. Kwaphawulwa nomndeni kaJuda nokaDavide ukuthi uMchobozi wekhanda lenyoka uzovela kuwo, enguye ozolinyazwa ngenxa yeziphambeko zethu, nokuchotshozwa ngobubi bethu ukuba sibe nokuthula, nokuphiliswa ngemivimbo yakhe, enguye ofohlayo, nokuphula amasango okufa nesihogo ukuba sihlengwe ezonweni, nasekufeni, nasemandleni kaSathane. Kanjalo-ke yonke imiyalezo yabaprofethi basendulo ihlanganiswa nguZakariya ngamazwi akhulunyiwe ngendodana yakhe uJohane uMbhapathizi umprofethi wokugcina weTestamente elidala, ngamazwi athi: UJohane "uyakuthiwa umprofethi woPhezukonke, ngokuba uyakuhamba phambi kweNkosi ukulungisa izindlela zayo ukunika abantu bayo ukuyazi insindiso ngokuthethelelwa kwezono zabo, ngemisesane yesihawu sikaNkulunkulu wethu esizakuhanjelwa ngayo ngukusa kwaphezulu, ukubakhanyisela abahlezi ebumnyameni nasethunzini lokufa nokuqondisa izinyawo zethu endleleni yokuthula." Ngentshumayelo kaJohane uMbhapathizi siyezwa ngokukhanya okukhulu ukuthi

2. UNkulunkulu uhambela abantu basizwe sakhe ngokuthuma iNdodana yakhe kuso. UJohane uMbhapathizi wayengumfakazi kaJesu ukuthi uyiWundlu likaNkulunkulu esusa isono sezwe. Futhi wafakaza ngoJesu wathi: "Nguye ebengisho ngaye, ngithi: Emva kwami kuza umuntu owavela ngaphambi kwami, ngokuba wayekhona kuqala kunami. Nami bengingamazi; kodwa ukuze abonakaliswe kuIsrayeli, ngalokho ngizile ngibhapathiza ngamanzi. UJohane wafakaza wathi: Ngibonile uMoya ehla ezulwini njengejuba, wahlala phezu kwakhe. Nami bengingamazi, kodwa owangithuma ukubhapathiza ngamanzi wathi kimi: Lowo oyakubona uMoya ehla ahlale phezu kwakhe, nguyena obhapathiza ngoMoya oNgcwele. Mina ngibonile, ngafakaza ukuthi: Lo uyiNdodana kaNkulunkulu," enguye emelwe ukukhula, engumkhulu kunoJohane, enguye othunyiwe nguYise ukukhuluma amazwi kaYise uNkulunkulu ngokunganikwa uMoya ngokulinganisela, nokunikelwa konke esandleni sakhe ukuba abantu bazi, bakholwe ukuthi okholwayo yiNdodana unokuphila okuphakade.

3. Ngakho okwesithathu siyezwa namuhla ukuthi iNkosi uNkulunkulu isahambela abantu bakhe, kusukela kulesiyasikhathi, mhla iNdodana yakhe isifele bonke abantu esiphambanweni, nokuvuka ekufeni, iyabahambela ngokuthuma izisebenzi zezwi ukuba abantu bashunyayezwe ivangeli, nokwabelwa amasakramente. Kwenzekile kusuka esikhathini, mhla uNkulunkulu ethulule uMoya wakhe kubafundi bakaJesu. Kusenzeka, uma uNkulunkulu ethuma izisebenzi ekuvuneni kwakhe, noma uma ebiza izisebenzi zezwei ukubathuma ekuvuneni kwakhe okukhulu ukuba babizele abantu ekuphendukeni, nesekukholweni, babhapathizwe egameni likaNkulunkulu onguYise neNdodana noMoya oNgcwele ukwamukela intethelelo yezono nokuwabelwa uMoya oNgcwele. Futhi abantu bamenywa ukusondela esibikweni ukuba bathethelelwe izono, nasesidlweni esingcwele somzimba negazi likaJesu Kristu abasilungiselwe ukwamukela intethelelo yezono, nokuqiniswa ekukholweni okusindisayo.

Yikho okwenzekile yonke leminyaka, ungathi iminyaka eyizinkulungweni ezimbili. Yikho okusenzekile ngomnyaka odlule kuwe ngokuthunyelwa izintshumayelo, futhi kuyakwenzeka kulomnyaka omusha wekerike, nakuyo iminyaka ezayo ngokwesithembiso seNkosi uJesu Kristu esithi: “Lelivangeli lombuso liyakushunyayelwa ezweni lonke, kube ngubufakazi ezizweni zonke, andukuba kufike ukuphela,” Math. 24:14. Kusho ukuthi nangosuku lwakusasa uNkulunkulu uzodunyiswa ekerikeni lakhe, ngokuba uzohambela abantu bakhe njalo lapho ivangeli lizoshunyayelwa khona, namasakramente ayakwabelwa khona. Ngakho lokhu uyabuzwa wena ukuthi wena uzodumisa iNkosi uNkulunkulu njengoZakaria, uyise kaJohane uMbhapathizi ngenxa yokuhanjelwa yiNkosi uNkulunkulu wakho na? Noma singabuza ukuthi uyamukela ngokubonga ukuthi uNkulunkulu ukuhambele ngentethelelo yezono zakho, ngesithembiso sokuhlengwa emandleni esono, nokufa noSathane ukuba ukhonze kuye ngentokozo njengomntwana kaNkulunkulu, nokuqhubeka endleleni eyindlela kuyo iNkosi uJesu Kristu, eyindlela yokuphila okuphakade? Amen.

9. Umkhuleko: Nkosi, Nkulunkulu, Baba osezulwini, siyabonga ngokusihambela ngezwi lakho emnyakeni wekerike odlule ngezintshumayelo ezathunywa. Ngakho lokhu siyacela kuwe sithi mawusihambele ngezwi lakho nakulomnyaka omusha wekerike, uvuselele nakulomnyaka omusha wekerike abangane bekerike lakithi abasekelayo umsebenzi wokuthuma izintshumayelo ukuba lomsebenzi uqhubeke njalo ukuba bangadinwa kulomsebenzi. Sibonga nabafundisi abenze lomsebenzi ngokubhala lezintshumayelo, ubavuselele njalo ukuba bangadinwa kulomsebenzi, uvuselele nabo ababengabhali intshumayelo, noma beceliwe ukuyibhala, mawubanike isibindi nothando ukuba nabo benze lomsebenzi. Kakhulu, Nkosi yothando, siyabonga, ngokuba wahambela ibandla lakho kusukela ekuqaleni komhlaba ngokuthuma abaprofethi nabaphostoli ababesibhalela izwi lakho leTestamente elidala nelisha ukuba kwaziwe ukuthi walungisa ukuthuma iNdodana yakhe ethandekayo uJesu Kristu ezweni ukulungisela bonke abantu bezizwe zonke bezikhathi zonke intethelelo yezono ngokufa nangokuvuka kwayo. Namanje esikhathini seAdvente uyafuna ukuba sizwe ukuthi iNdodana yakho yake yeza emhlabeni, nokuthi iseza nanamuhla ngezwi namasakramente ayo ukusibizela ekuphendukeni nasekukholweni ukuthi inguMsindisi wethu, nokuthi uyasibizela entethelelweni, nasembhapathizweni, nasesidlweni somzimba negazi layo ukuba siphile ngentethelelo egameni layo. Mawusiqinise ekukholweni nakulomnyaka wekerike omusha oqalayo namuhla. Mawusizwe ngenxa yeNdodana yakho, iNkosi yethu uJesu Kristu. Amen. Umkhuleko weNkosi: Baba wethu osezulwini ...

10. Iculo 32/35

Ukuthula kukaNkulunkulu odlula ukuqonda konke makulondoloze izinhliziyo zethu nemicabango yethu kuKristu Jesu, iNkosi noMsindisi wethu. Amen.

Lentshumayelo ilotshiwe ngo-2012 ngu-E. A. W. Weber.

Ukucindezelwa nokuthunywa kwezintshumayelo kuyasekelwa yinhlangano ethiwa: Lutheran Heritage Foundation.